**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

1.1 Mhla Ngilandelwa Izintatheli. **[50]**

1.2 Impumelelo Iyabashintsha Abantu. **[50]**

1.3 Ukubaluleka Kokwazi Amalungelo Akho. **[50]**

1.4 Ubuhle Nobubi Bokuba Nenja Ekhaya. **[50]**

1.5 Kungabe Ezemidlalo Ziyakuphazamisa Yini Ukufunda Ezikoleni? **[50]**

1.6 Impilo Ngaphandle Kwezinkundla Zokuxhumana. **[50]**

1.7 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko .

1.7.1



[Sicashunwe ku-*People's Magazine*, Sephthemba 2016] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho uthole ithuba lokulingisa emdlalweni odumile kamabonakude/ithelevishini.

Bhala **incwadi** umhalalisele ngempumelelo yakhe bese umkhuthaza ukuba azimisele ukuze athathwe nakweminye imidlalo kamabonakude. **[30]**

2.2 **INCWADI YOKUZICHAZA (CV) NENCWADI EYISIPHELEKEZELO (COVERING LETTER)**

UDumisani Zondi oneminyaka engama-22, ohlala kwa J1-287 Dingani Street, Esikhawini, 3887 ophase ibanga le-12, ubone isikhangisi esilandelayo ephephandabeni i-Mercury yangomhla wama-23 Ephreli 2017:

**MAGEBA FLORIST**

**ISIKHALA SOKUDILIVA IZIMBALI**

Ofisa ukufaka isicelo salo msebenzi kufanele abe nalokhu okulandelayo:

- Isitifiketi sikaMatikuletsheni.
- Ubulili besilisa noma besifazane.
- Umazisi waseNingizimu Afrika.
- Iminyaka ephakathi kwengama-20 kuya kwengama-30.
- Ubuzwe baseNingizimu Afrika.
- Okwazi ukukhuluma ulimi lwesiNgisi nesiZulu.
- Izincwadi zokushayela ukhodi-8.
- Ofakazi abatholakalayo uma befonelwa.

Thumela isicelo sakho kuMnu. BB Hlathi (iMenenja) ingakapheli inyanga kaJuni 2016. Ikheli: 122 Khwezi Avenue, Richards Bay, 3928.

Bhala **incwadi yokuzichaza** ehambisana **nencwadi eyisiphelekezelo** usebenzisa imininingwane kaDumisani Zondi. **[30]**

2.3 **INDATSHANA YEPHEPHANDABA**

Siya ngokwanda isibalo sabantu besifazane abancane abathandana nabesilisa abanemali eningi ababizwa ngokuthi ama-*blesser.*

Bhala **indatshana yephephandaba** ngesihloko esithi:
Phansi ngama-*blesser!* **[30]**

2.4 **INKULUMO**

Ubugebengu buhlasele kakhulu emphakathini wakini. Njengelungu lekomidi elibhekele ukuphepha, ucelwe ukuba wethule inkulumo ezokweluleka umphakathi ngezindlela ezahlukene okungaqedwa ngazo ubugebengu.

Bhala **inkulumo** ozoyethula emhlanganweni womphakathi obizwe yikhansela lendawo. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **IFLAYA**

Uvule ibhizinisi lokuwasha/lokugeza izimoto edolobheni langakini.

Bhala **iflaya** ozoyinikeza abantu ukuze baxhase ibhizinisi lakho. **[20]**

3.2 **IDAYARI**

Intsha yase-Alexander izohlangana eKruger National Park ngoMsombuluko kusukela ngomhla we-15 Meyi 2017 kuya kuLwesihlanu mhla we-19 Meyi 2017. Bayofundiswa ngamakhono emisebenzi enhlobonhlobo/ ehlukene.

Bhala **idayari** yezinsuku ezinhlanu. **[20]**

3.3 **IMIYALELO**

Umakhelwane wakho akaphumelelanga kuMatikuletsheni ngonyaka wezi-2013. Ukucele ukuthi umsize ukuze akwazi ukuphinda abhale izifundo angaziphasanga njengoba nawe wenza ngonyaka odlule.

Bhala **imiyalelo** yokuthi kufanele wenzenjani uma uzobhalisela ukuhlolwa kwangasese (Private). **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**